**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATALI UMNUZ MXOLISI KAUNDA EMCIMBINI WOKWETHULWA KWEZINHLELO ZENGQALASIZINDA YOMGWAQO EMSINGA MHLAKA 21 JUNE 2016.**

- Mphathi wohlelo;
- Amakhosi aseNdlunkulu;
- Amalungu esiShayamthetho akhona;
- IMeya yaseMzinyathi, Cllr Ngubane;
- IMeya yoMkhandlu waseMsinga, Cllr Sikhakhane
- Amakhansela;
- Izinduna;
- Amalungu ezinhlaka esisebenzisana nazo kwezokuthutha ama-RRTF, ama-CRSC, ama-PTPA, uVukuzakhe noZibambele;
- Imboni yezokuthutha umphakathi;
- Abezindaba;
- Umphakathi wonke;

Ngiyanibingelela nonke mphakathi waseMsinga.

Egameni loMnyango wezokuThutha KwaZulu-Natal sifisa ukubonga ukuthi namhlanje sesiphinde sathola ithuba lokuhlangana nomphakathi walapha eMsinga sizohalalisa ngentuthuko abantu balapha eMsinga abangasayizwa ngendaba kodwa asebeyibona ngamehlo.
Njengoba sekushiwo igama lami ngingu-Mxolisi Kaunda, uMphathiswa omusha woMnyango wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi lapha KwaZulu-Natal. Ngithi angizethule ngoba uhlelo lwami lokuqala lolu lwentuthuko kulo msebenzi omusha, ngakho ninenhlanhla ngoba ngikhethe ukuzozethula kunina bantu baseMsinga.

Namuhla sizokhuluma ngokufika koMnyango wezokuThutha nje kuphela, kodwa siyazi sonke ukuthi uHulumeni wesifundazwe nokazwelonke, uhlale uphuma ungena lapha eMsinga ngenhloso yokwenza ngcono izimo zempilo yabantu bakithi kule ndawo.

Siyazi phela ukuthi uMsinga ungenye yezindawo esifundazweni uHulumeni wentando yeningi owazihlonzwa njengezidinga kakhulu izidingo-ngqangi ngenxa yezinga lobubha nokuntuleka kwemisebenzi.

Ngiyafisa nje ukudlula odabeni lwesimo sezomnotho esibhekene naso emhlabeni wonke kulesi khathi. Njengoba bekwethulwa izabelo-mali zeminyango ezinyangeni ezimbalwa ezedlule, into ebigcizelelwa kakhulu bekungukuthi kumele sonke sibophe ibhande sisebenzise izimali ngendlela enokucophelela nokonga.

Izinto ezinjengalezi ziyinselelo kakhulu-ke kumuntu ofikayo ngoba kumele abheke ukwamukeleka nokugculisa izinhlangothi zonke asebenza nazo.

Kodwa-ke engifuna ukukuqinisekisa lapha ngukuthi noma yikuphi ukunqanyulwa kokusebenza kwezimali okwenziwayo, ngeke sivume ukuthi kuthikameze isivinini okumele intuthuko iqhubeke ngaso lapha eMsinga nakwezinye izindawo ezifanayo.

Namhlanje sizogcizelela ukuthi akudingeki uze uphume eMsinga uyohlala kwezinye izindawo ukuze uthole umgwaqo, ibhuloho, ugesi, amanzi, umtholampilo nokunye okuningi okuyizidingo-ngqangi.

Sizokuthi namhlanje uma sithi iNingizimu Afrika iyizwe elingcono ukuba kulona, kusho khona ukuthi umphakathi waseMsinga kumele ukujabulele nawo ukuba seMsinga.

Yingakho-ke namhlanje singuMnyango wezokuThutha egameni likaHulumeni waKwaZulu-Natal sithe masizokwethula ngokomthetho kunina mphakathi walapha eMsinga imisebenzi yamabhuloho amabili nomgwaqo okuzoqala ukwakhiwa kuwona lo nyaka.

Umsebenzi womgwaqo esikhuluma ngawo u-P280 ongu-50 km ubude esiwufaka itiyela ngesamba sika-R495.5 million. Isigaba sokuqala esizokuba ngu-16 km ubude sesivele siqalile phakathi kwaseJolwayo neTugela Ferry.

Nakuba itiyela lingakangeni nakhona kodwa amabhuloho amancane amabili asephelile, kanti elinye ibhuloho emfuleni iJolwayo sibheke ukuba liphele ngoSeptember kuwona lo nyaka.

Isigaba sesibili siphakathi kweTugela Ferry neWeenen, okusho ukuthi sixhumanisa omasipala walapha eMsinga nowaseNdaka esifundeni uThukela. Sona sizoqala ngasohlangothini lwaseWeenen ngonyaka wezimali ozayo ka-2017/18 njengoba ithenda yamakhilomitha amahlanu izokhishwa kulo nyaka wezimali ka-2016/17.

Usuwonke lo mgwaqo silindele ukuthi uphele ngonyaka ka-2021 lapho kuyobe sekudaleke amathuba emisebenzi abalelwa ku-328.

Ukwakhiwa kwalo mgwaqo kuzosiza abafundi nothisha abaya ezikoleni iSiyaphakama School, Weenen Combined School, Weenen Primary School, Mabizela High School, Mhlakothi High School, Mashunka Primary, St Bernard Jolwayo Primary, Mangaliso Primary, Mzomusha Primary, Cabangokuhle Primary, Sibumba Primary neMtateni Primary School,

Kuzophinda kusizakale nomphakathi oya esikhungweni sokuhola impesheni enkantolo yesizwe KwaMthembu, esiteshini samaphoyisa eTugela Ferry nasesibhedlela iChurch of Scotland.

Enye i-project esiyilethile ngeyebhuloho laseMahlaba iBuffels River Bridge esifake kulona imali engu-R13.8 million. Nalo leli bhuloho okungelezimoto nabahamba ngezinyawo isiqokiwe inkontileka ezosebenza, okusho ukuthi njengoba sesihlabe isoyi isiyaqala njalo.

Nalapha sifisa ukubongela umphakathi nabafundi asebezofinyelela kalula eMabedlana Primary School, Ntabamhlope Primary School, Sakhisizwe Secondary School, Thuthukani Secondary School, Esethu Secondary School, Kwangqulu Primary School, Ntabasibahle Primary School, Kufanelesibonge Junior Primary School, Matshana Primary School, Mazebeko Provincial Clinic naseQinelani Privincial Clinic.

Leli bhriji laseMahlaba limqoka ngoba umlando walo awumuhle ngenxa yesehlo esenzeka ngo-2012. UNdunankulu uMacingwane, esaphethe loMnyango engikuwo wafika la kubulewe amalungu ayisishagalombili enhlangano yomphakathi elwa nobugebengu iSkebhe, wathi uma eyokhonjiswa lapho kufihlwa khona izinkomo ezebiwe wayiswa eMahlaba.

Inkinga enkulu ayifica eMahlaba kwaba eyokuthi amaphoyisa noma enza umsebenzi wawo kusehlathini futhi awakwazi ukuwela ngezimoto ngoba izinkomo siweliswa umhosha nomfula ziyofihlwa ngapesheya. Yingakho ke umphakathi wabe usuphakamisa ukuthi wakhelwe ibhriji. Ngakho ke leli bhriji lizosiza kakhulu ukuthi umsebenzi wokulwa nobugebengu wenziwe ngempulelo futhi namaphoyisa ekwazi ukwenza umsebenzi ngendlela. Sikholwa nawukuthi leli bhriji lizovala nesahluko esibi sesigameko esibi esenzeka eMahlaba.

Siyabonga nokho ukuthi amaphoyisa asebenza ngokuzikhandla kulesi sigameko njengoba abasolwa abane ababoshwa ngaleli cala kumanje basahamba icala futhi sikholwa wukuthi umthetho uzothatha indawo yawo.

Siyazi ukuthi kukhona uhlelo ngokubambisana nezinduna namakhosi obeluhlelwa lokuthi kube khona uhlelo lokugezwa nokukhumelana umlotha, esikholwa ukuthi kungekudala sizobuya sizolwenza kule ndawo.

Kuhle kodwa sinibonge ngokuthi selokhu kwenzeka lesi sigameko, azikho ezinye izinto ezinyathisayo ezibikwayo kule ndawo. Sengathi ningaqhubeka nokuhlalisana ngokuthula.

Eyesithathu i-project esikhuluma ngayo yilena yebhuloho elikhulukazi laseTugela Ferry ekade yayikhulunywa indaba yalo. Sifisa ukubonga kuNdunankulu uMacingwane okunguyena owaphakamisa ukuba kwenziwe okuthile ngaleli bhuloho ngenkathi esaphethe lo Mnyango.

Siyakhumbula uNdunankulu ekhala ngokuthi indlela omatasa ngayo lo mgwaqo manje akumele engabe usasebenzisa ibhuloho langesikhathi soPewula lapho izimoto ezisalindana namanje.

Siyazi ukuthi kuningi obekudingeka kudlulwe kukona kodwa ngoba wayelokhu azibophezela uNdunankulu, namhlanje sesikhuluma ngento ephathekayo.

Njengoba lo mgwaqo uxhumanisa iTheku, uMgungundlovu, Greytwon, uMsinga neDundee, leli bhuloho beliba yinkinga uma kudingeka kudlule amaloli angama-abnormal kudingeke asebenzise eminye imizila bese kuchitheka isikhathi kubambezeleke nomnotho.

Ibhuloho elizokwakhiwa manje ngelikwazi ukuthi izimoto ziphambane bese kuba nendawo yokuhamba ngezinyawo ephephile. Ingu-R97 million imali efakwe kulo msebenzi omkhulukazi. Nakhona isikhondlakhondla senkampani yokwakha sesiqokiwe ukuba siqale umsebenzi njengoba sesimemezele ngokomthetho.

Kuthathwe isinqumo futhi sokuthi leli elidala ligcinwe njengengxenye yomlando namagugu, libe yiheritage site. Lona sekuzoba ngelabahamba ngezinyawo.

Uma ubheka konke lokhu uzobona ukuthi asisinisi amhleza uma sithi ngaphansi kwalo hulumeni akudingeki uze uphume eMsinga ukuze uthole impilo engcono.

Ngaphandle kwale misebenzi esiyimemezela ngokomthetho namhlanje, ikhona neminye imisebenzi emininingi okungashona ilanga uma siyibala esiyenzile kule minyaka edlule nesizoyenza lapha eMsinga noMzinyathi wonke.

Ngaphansi kohlelo loMnyango lokwakha imigwaqo engenela emiphakathini, esithi ama-access road kanye nokulungisa leyo esikhona siyifake kabusha inkwali sisebenzise imali ebalelwa ku-R61 million ngonyaka odlule.

Lapha eMsinga nje sakhe imigwaqo esingabala uSholweni noNtukwini yomibili eseMabomvini noMbizimbelwe eNkosini yamaQamu KwaMajozi.

Lokhu kudale namathuba emisebenzi angaphezulu kwenkulungwane kuhlanganisa nosonkontileka bakaZibambele.

Uma sibheka ngokwesiFunda sonke saseMzinyathi, kunemisebenzi emikhulu, esithi ama-capital projects, esesihlele ukufaka kuyona imali ebalelwa ku-R581 million kule minyaka emibili ezayo kusuka kwesikuwona.

Lapho singabala nje ukufakwa kwetiyela emigwaqeni u-D1271 eMabomvini ngo-R135 million, uMashunka Mtateni Bridge ngo-R55 million neModderspruit River Bridge ngo-R8 million.
Phakathi kwesizoqhubeka nayo njengoba kade isiqaliwe ngaphansi kukaMacingwane, singabala:

- P17 ongu-R614 million;
- P16 ongu-R2.67 billion;
- Ngubevu Vehicle Bridge ngo-R21 million;
- P549 esifake u-R622 million;

- P368 ongu-R268 million;
- Wolwane Road oxhumanisa uMsinga neNquthu ngo-R76.8 million;
- Mlambomunye Bridge nomgwaqo ngo-R328 million;
- Kanye neLudimbi Access Road nebhuloho ngo-R62.2 million.

Mhlambe njengoba sigubha inyanga yabantu abasha uJune, kubalulekile ukusho lapha ukuthi uMnyango wezokuThutha KwaZulu-Natal kuningi okwenzayo ukulekelela intsha ukuba ibambe iqhaza ekuzithuthukiseni kwezomnotho.

Njengamanje uMnyango unohlelo lokuvalwa kwezikhinsi emgwaqeni, ama-pothole, olusahlolwa ukusebenza kwalo noluzoqala esufindeni saseThekwini isikhathi esiyizinyanga ezingu-24.

Lokhu kuhlolwa kuzokwelekelela ama-cooperative abantu abasha ukusuka ku-CIDB 1 ukuya ku-CIDB 3. Uma sekuqediwe ukuhlolwa kokusebenza kwalo, inkampani yabantu abasha izobe seyikwazi ukuthi ingene ngaphansi kwamathenda oMnyango okuvalwa kwezikhisi unyaka wonke.

UMnyango uphinde wabuyekeza inqubomgomo yohlelo losonkontileka abasafufusa uVukuzakhe, ukuqinisekisa ukuthi luyahambisana nomthetho okhona njengamanje ukuhlanganisa ne-CIDB.

Njengamanje ingamaphesenti angu-25 intsha ebhalise ohlwini loMnyango lweVukuzakhe Emerging Contractor okuyivumela ukuthi ikwazi ukufinyelela emathubeni oMnyango endimeni yezokwakha esifundazweni.

Ngaphambi kokuthi ngiphethe, ake ngithathe leli thuba ngigcizelele ukuthi njengoba okhethweni lohulumeni basekhaya ngomhlaka 3 August, sinxusa yonke imiphakathi ukuba ihloniphe umthetho ngesikhathi sokukhankasa.

Ukuzibophezela emgomweni wokuziphatha okusanda kwenziwa ngamaqembu ethu epolitiki kumele sikubone kuthela izithelo nakubalandeli emazingeni aphansi.

UNdunankulu uyisebenze kakhulu indaba yokuthula nokuphepha ngenkathi esenguNgqongqoshe esifundazweni. Thina okwethu ngukuthatha lapho ebeke khona siqinisekise ukuthi abantu bakithi baya ngokuphepha nangokukhululeka ezikhungweni zokuvota.

Sinxusa kakhulu abantu abasha kule ndawo ukuba basukume babe yingxenye yemikhankaso yokugcina izindawo zethu ziphephile noma kuyisikhathi sokhetho noma sesidlulile ukuze phela konke esikuvotelayo kusifice sisesimweni esifanele.

Ngakho-ke kumele sikugcizelele njalo ukuthi njengomphakathi kukunina ukuba nisukume nibambisane noHulumeni uma nifuna inhlalakahle nentuthuko endaweni yenu.

Sengathi ningaphepha nasezingozini zomgwaqo kuze kufike ukhetho nangemuva kwalo size sifike kuKhisimusi.

**Ngiyabonga.**